- UMthetho **Wokuthuthukiswa Kokutholakala Kolwazi, i-Promotion of Access to Information Act** uqinisekisa ukuthi ilungelo lakho lokuthola ulwazi kuhulumeni nasezinkampanini ezizimele livikelekile.
- **Izivumelwano Zokulethwa Kwemisebenzi** phakathi kwamabhizinisi nohulumeni kumele zihlinzekwe kumawebhusayithi kamasipala.
- Ungaphinde ufake isikhalo kuMlawuli **Kazwelonke Wezikweletu,** (0860 627 627), **KuMvikeli Womphakathi** (0800 11 20 40) noma i-**SAHRC** uma usola ukuthi kunenkohlakalo.

## Iqhaza le-SAHRC

IKhomishana YaseNingizimu Afrika Yamalungelo Oluntu (i-SAHRC) isigungu esizimele esamiswa Umthethosisekelo **ukuqapha, ukuvikela nokuthuthukisa** ukusetshenziswa ngempumelelo kwamalungelo esintu ezweni lethu.

INingizimu Afrika inenye yamazinga aphezulu kakhulu obuphofu nokungalingani. Balinganiselwa ezigidini eziyi-16 abantu abampofu abangenazo izindlela ezanele zokususwa kokungcola ngesikhathi izigidi ezi-3.5 zabantu abampofu bengenawo amanzi.

I-SAHRC isithole izikhalo eziningi ezimayelana namanzi nokususwa kokungcola. Sifuna ukuthi Uhulumeni azibophezele ukufeza la malungelo, futhi sizoqhubeka nokubheka indlela asebenza ngayo.

Abantu banike Uhulumeni amandla ngakho Uhulumeni kumele asebenzele abantu. Labo abanamandla kumele balalele abampofu bese beza nezisombululo ezisebenzayo.

Yize i-SAHRC inamandla nezisetshenziswa ezingenele, ingasebenza nezinye Izikhungo Zesahluko sesi-9 nama-NGO ukusiza imiphakathi nokuqinisekisa ukuthi uhulumeni uyayiletha imisebenzi yakhe.

***Umbono we-SAHRC ukuguqula umphakathi, ukuvikela amalungelo nokubuyisa isithunzi!***

Ngaphandle kwe-SAHRC, ziningi izinhlangano ezingakusiza. Ezinye zalezi zinhlangano zahlanganisa umhlahlandlela othi **'Ukwenza Uhulumeni Wezindawo Asebenze: Umhlahlandlela Wesishoshovu ('Making Local Government Work: An Activist's Guide,')** otholakala mahhala kwi-inthanethi nasemahhovisini esifundazwe e-SAHRC

## Sithinte

**Iwebhusayithi:** www.sahrc.org.za
**I-imeyli:** info@sahrc.org.za

**Ihhovisi Elikhulu**
Forum 3, Braampark Office Park, Braamfontein, JOHANNESBURG
☎ (011) 877 3600 Ifeksi: (011) 403 0684

**Eastern Cape**
4th Floor, Oxford House, 86–88 Oxford Street, EAST LONDON
☎ (043) 722 7828 • Ifeksi: (043) 722 7830

**Free State**
50 East Burger Street, 1st Floor TAB Building BLOEMFONTEIN
☎ (051) 447 1133 • Ifeksi: (051) 447 1128

**Gauteng**
2nd Floor, Forum 3, Braampark Office Park, 33 Hoofd Street, Braamfontein, JOHANNESBURG
☎ (011) 877 3750 • Ifeksi: (011) 403 0668

**KwaZulu-Natal**
First Floor, 136 Margaret Mncadi, DURBAN
☎ (031) 304 7323/4/5 • Ifeksi: (031) 304 7323

**Limpopo**
1st Floor, Office 102, Library Garden Square, Corner of Schoeman and Grobler Streets, POLOKWANE
☎ (015) 291 3500 • Ifeksi: (015) 291 3505

**Mpumalanga**
4th Floor Carltex Building, 32 Bell Street, NELSPRUIT
☎ (013) 752 8292 • Ifeksi: (013) 752 6890

**Northern Cape**
45 Mark and Scott Road, Ancorley Building, UPINGTON
☎ (054) 332 3993/4 • Ifeksi: (054) 332 7750

**North West**
170 Klopper Street, RUSTENBURG
☎ Tel: (014) 592 0694 • Ifeksi: (014) 594 1089

**Western Cape**
7th Floor, ABSA Building, 32 Adderley Street, CAPE TOWN
☎ Tel: 021 426 2277 • Ifeksi: (021) 426 2875

**ISIZULU**

south african human rights commission

# Ilungelo lokuthola amanzi nokususwa kokungcola

*Amanzi ayimpilo, ukususwa kokungcola kuyisithunzi*

**Umhlahlandlela we-SAHRC elungelweni lakho lokuthola amanzi nokususwa kokungcola**




**Abafundi bakhala ngokungabibikho kwezindlu zangasese (Sowetan, 11 uNhlaba 2012)**

## Ilungelo lakho lokuthola amanzi nokususwa kokungcola

UMthethosisekelo waseNingizimu Afrika uthi "Wonke umuntu unelungelo lokuthola ukudla namanzi anele".

UMthetho Wezemisebenzi Yamanzi uthi:

- Wonke umuntu unelungelo lokuthola amanzi nokususwa kokungcola.
- Zonke izikhungo zemisebenzi yamanzi kumele zithathe izinyathelo zokuphumelelisa la malungelo.
- Bonke omasipala kumele bahlele, Uhlelo Lokuthuthukiswa Kwemisebenzi Yamanzi, i-Water Services Development Plan (WSDP), ukufeza la malungelo.
- Leli lungelo liphinde lisekelwe Umkhandlu Wase-UN Wamalungelo Esintu, I-UN Human Rights Council

## Ubani okumele ahlinzeke ngamanzi nokususwa kokungcola?

UHULUMENI:

- Uhulumeni Kazwelonke kumele alawule izisetshenziswa zamanzi.
- Omasipala banomsebenzi wokuhlinzeka ngamanzi nemisebenzi yokususwa kokungcola. Kumele badwebe uhlelo lokuletha imisebenzi.
- Umthetho wethu uyakuveza ukuthi uhulumeni akudingekile ukuthi ahlinzeke ngale misebenzi kubo bonke abantu NGOKUSHESHA. Kodwa-ke, kumele abe NOHLELO olucacile olunezikhathi nesabelomali ukuhlinzeka ngale misebenzi kanye nokukhulisa ukufinyeleleka kwayo.
- Uhulumeni kumele enze njalo ngaphandle kokwenza ukuthi kulahleke amanye amalungelo asemqoka

Omasipala abaningi babandakanya izinkampani ezizimele ekuhlinzekweni kwemisebenzi. **Izivumelwano Zokuhlinzekwa Kwemisebenz**i yizivumelwano phakathi kwezinkampani nomasipalKusalindeleke ukuthi kube umasipala owenza le misebenzi futhi kumele abheke ukuthi lezi zinkampani zizibophezele ekwenzeni le misebenzi ngempumelelo. Izivumelwano kumele umphakathi ukwazi ukuzithola ukuze ube nolwazi.

Uhulumeni kumele ahlinzeke **ngale misebenzi** elandelayo **esemqoka yamanzi nokususwa kokungcola:**

- Okungenani amalitha ayi-6000 ikhaya ngalinye ngenyanga
- Isilinganiso sokugeleza esingekho ngaphansi kwamalitha ayi-10 ngomzuzu
- Amamitha angama-200 esitende
- Akekho umuntu okumele angatholi amanzi izinsuku ezingaphezu kweziyi-7 ngonyaka
- Indlu yangasese noma ithoyilethi lomgodi, eliphephile, elithembekile, elakheke kahle, okulula ukuligcina lihlanzekile, elingabonakalisi uma ungaphakathi futhi elinokuvikeleka esimeni sezulu, elinezimbobo zokungenisa umoya ezakheke kahle, elinephunga elizwakala kancane futhi livimbele ukungena kwezimpukane nezinye izilwane ezithwala izifo.

Uhulumeni kumele aphinde **afundise** ngokusetshenziswa kwamanzi nezempilo nokuhlanzeka.

**OKUMELE UKWENZE:**

- Vaakatiko va fanele ku endla ku Mfumo na vanwa'kontirakatara va tihlamulela.
- Mati i xitirhisiwa xo pfumaleka naswona ya lava ku hlayisiwa.

U na vutihlamuleri byo hlayisa mati hikwalaho tiyisisa ku tirhisa mati hi ku siyela mundzuku na hi vukheta.

**Uhulumeni Wezindawo kumele enze amabhizinisi abophezeleke emisebenzini ayihlinzekayo bese izakhamuzi zenze ukuthi uhulumeni kube uyena ozophendula uma kukhona okungahambi kahle. Izinkampani ezinkulu zisebenzisa amanzi amaningi kodwa zikhokha kancane futhi azivamile ukuthi kube khona ezikukhokhayo ngokubangela ukungcola kwamanzi.**

### Imisebenzi Yakho Esemqoka Yamahhala

INingizimu Afrika inenqubomgomo yemisebenzingqangi yamahhala (indigent policy) kubandakanya amanzi, ugesi nokuthuthwa kwemfucuza.

- Ikhaya ngalinye kumele lithole mahhala amalitha okuqala amanzi ayi-6000 ngenyanga. Amanzi asetshenziswa ngaphezu kwalawa kumele akhokhelwe. Amanzi akhokhelwa ngesilinganiso esikhuphukayo okusho ukuthi uma usebenzisa amanzi amaningi, ukhokha kakhulu.
- Omasipala abehlukene banenqubomgomo eyehlukene yokuhlinzekwa mahhala kwamanzi nendlela yokususa ukungcola. Ungayithola le misebenzi ngaphandle kokuyibhalisela noma kungadingeka ukuthi ubhalise ukuze uthole le misebenzi.

### BUZA UMASIPALA WAKHO UKUTHI ITHINI INQUBOMGOMO YABO

### Kwenzekani uma ungayikhokheli imisebenzi ohlinzekwa yona?

Umthetho uthi amanzi akho angavalwa noma ancishiswe uma ungayikhokheli imisebenzi ohlinzekwa yona **KODWA,** angeke nje avele avalwe. Umasipala kumele aqale akwazise kuqala ngokuthi akubhalele incwadi mayelana nenhloso yakhe yokukuvalela amanzi. Unalo ilungelo lokuphikisana nesinqumo sabo.

### Izibopho zethu Zamazwe Ngamazwe

- Ngabe **AKHONA** amanzi anele nanganqamuki?Ngabe zanele izindlela zokususa ukungcola? Ngabe izikhathi zokulinda zikahle?
- Ngabe izinga lamanzi **LIPHEPHILE** ukuthi angaphuzwa? Ngabe izindlela zokususa ukungcola zihlanzekile futhi **ZIPHEPHILE** ukuthi zisetshenziswe?
- Ngabe izindawo **ZEMUKELEKILE** ukuthi zingasetshenziswa ngabamasiko ahlukene? Ngabe izindawo zilungiselwe ukusetshenziswa ngubulili obehlukene? Ngabe ziyaqinisekisa ukuba ngasese nesithunzi?
- Ngabe imisebenzi **IYAFINYELELEKA** kubo bonke? Ngabe uphephile uma usebenzisa lezi zindawo?
- Ngabe izindleko zokususwa kokungcola nemisebenzi yamanzi **ZIBIZA KAHLE** ukuze ungazitholi ungakwazi ukukhokhela lezi zidingo?

## Kungani ukuthola amanzi nokususwa kokungcola kubalulekile esithunzini somuntu?

**Onke amalungelo kuMthethosisekelo wethu ayalingana. Amalungelo ancike kwamanye. Isibonelo, ngaphandle kwamanzi, kunzima ukufunda esikoleni nokuthola imfundo.**

Onke amalungelo anokuxhumana futhi ancikene. Ilungelo lokuthola amanzi nokususwa kokungcola lihlobene nelungelo lokuphila, isithunzi, impilo, indlu, ukudla, imfundo, ezokuphepha, ukulingana ngokobulili nokuphikisana nokubandlululwa. Ukungawatholi amanzi nezindlela zokususwa kokungcola kunemithelela eminingi emibi. Isibonelo:

- Ukusabalala kwezifo ezivimbekayo ezifana nesifo sohudo nekholera.
- Izingane, ikakhulukazi amantombazane, zivama ukuyeka isikole uma zingekho izindlu zangasese.
- Kuyanda ukusetshenziswa kwezibhedlela nemitholampilo.
- Abantu balova emsebenzini futhi abasebenzi kahle.
- Abesifazane bayesaba ukuya ezindlini zangasese ebusuku ngenxa yokwesaba ukuhlukunyezwa.



### Ngiluthola kanjani usizo?

- Unelungelo lokuthola imisebenzi yamahhala FUTHI unelungelo lokwazi ukuthi kungani ungayitholi imisebenzi eyanele
- Kumele utshele Umasipala wakho, Ikhansela Lesigceme noma Isisebenzi Sokuthuthukiswa Komphakathi uma unezinkinga
- • I-SAHRC nezinye Izikhungo Zesahluko sesi-9 nama-NGO kungakusiza ukuthola ulwazi oludingayo. Vakashela iwebhusayithi yethu ku-**www.sahrc.org.za**